

USARS / Private Sector Authorised Economic Operator Stakeholder Group

Tshwane, 9 kuNtulikazi 2021 – UPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) neBusiness Unity South Africa (BUSA) banentokozo ngokumemezela ngokusungulwa kwe-SARS *Private Sector Authorised Economic Operator (AEO) Stakeholder Group*.

Ukusingathwa kwemingcele kudinga ukuthi kube nokubanjiswa ekuxhumaneni kokuhweba, ukuqoqwa kwezintela ezifanele kanjalo nokunyusa izinga lokuthobela. Isu lesishiyagalombili lokuphokophelwe uSARS liyakuvuma ukuthi uSARS angeke akwazi ukwenza lokhu yedwa, ukuthi udinga ukusebenzisana nokusebenza nabambiqhaza ukuze ukwazi ukufeza inhloso yawo. I-AEO uyena mxhumanisi obalulekile ukuze lokhu kufezeke. I-*quid pro quo* (ukwenzelela) yizinga lokugunyaza, ubuqotho kanye nokwethembana okwakhiwe ngokuvumelana phakathi kwamaqembu omabili. Uhlelo lwe-AEO luzoqinisekisa ukuthi lokhu kuyenzeka ngokuba nezindleko ezincane ngempela, ngaphandle kokubeka engcupheni ubungozi bokuthotshelwa kokuqoqwa kwemali okunagfika nokuhanjiswa kokudla nosizo ngaphesheya kwemingcele yethu.

Umhlahlandlela wakwaSARS ukusebenzela ukuthi kube nohlelo lokuthobela ngokuzikhethela. Lokhu kudinga ukuthi uSARS aqhubeke nokuthembela kubakhokhintela abakhetha ukuthobela. Okokuqala okuphokophelwe ukusiza ngokucacisa izibophezelo zabo, okwesibili ukubasiza bafeze lezo zibophezelo kuthi okwesithathu okwenziwa uSARS kubakhokhintela nabahwebi abathembekile, ukwazi ukuhlonza nokuphendula ekungathobelini. Lokhu kuhambisana nokwesekwa kombono wakwaSARS wokwakha isikhungo ESINOBUHLAKANI, uSARS wesimanje, kubandakanya uMnyango wokuThelisa, uhlelo oluhloniphekile ngokungangabazeki, olwethenjwayo futhi oluyisibonelo esihle. Uhlelo lwe-AEO lungena kahle kulokhu okuphokophelwe nokuhloswe uSARS ekubeni nohlelo lwesimanje ukuze kufezeke le nhloso futhi kusize ekuphumelelisweni kwalo mbono. UMnyango wokuThelisa wakwaSARS uhlose ukuxhumanisa ukuhanjiswa kwezimpahla nabantu beqa imingcele yethu ngendlela ephendula enhlosweni nasembonweni kaSARS.

USARS wethule uhlelo olwaziwa nge-AEO Programme kuLwezi wezi-2020 kanti kumanje; izinkampani eziyikhulu namashumi amathathu nesikhombisa, ezibhaliswe njengabahwebi abagunyaziwe, neziyahlomula kulokhu kuxhunyaniswa kohwebo. Eminyakeni emine ezayo, uhlelo luzonwenwa kubandakanye labo abasohlelweni lokuhanjiswa kwempahla, uhlelo

olwenziwe lula lwama-SMME, i-Single Government AEO Programme kanye ne-Single SACU AEO Programme okunemihlomulo emikhulu kakhulu.

Ngokubona ukuthi ukusebenzisana phakathi kukaSARS nababambiqhaza kubalulekile ekuzeni namasu amasha kanjalo nasekukhuleni komnotho nokuthi uhlelo lwakaSARS lwe-AEO luphendula ngendlela efanele kulesi simo esiguquguqukayo, uSARS ne-BUSA bavumelene ukusungula i-AEO *Collaborative Stakeholder Group*. Lolu hlelo lokusebenza lweminyaka emihlanu olusungulwe ngokuhlanganyela luzofika kuvuthwandaba uma sekudidiyelwe uhlelo lwesifunda ngonyaka wezi-2025.

Ngokusho kukaKhomishana wakwaSARS, “Iketanga liqina kakhulu kuphela uma wonke amasongo alo eqinile. Uma uSARS encika ethembela kwasebenzisana nabo, ukuthembeka nobqotho beketanga noma bohlelohumano lokusebenza kuzoqina uma sonke siqinile futhi sibambisene. Okwethu ukuqinisekisa ukuthi siyabambisana ukuze sivikele konke okubalulekile kithi. Uma kukhona phakathi kwethu obeka lokhu okufunwa nguye phambili ngaphezu kwalokhu okufunwa yiqembu lonke, kuzoba inzuzo yesikhathi esincane kodwa sizolahlekelwa esikhathini esizayo”. UKhomishana noMphathi Omkhulu we-BUSA bayavuma, “Sonke kumele sidlale indima yethu sibeke lokhu okuzosiza izwe phezulu njengenhloso yethu enkulu – singaze siphume endleleni yokuqinisekisa ukuxhumanisa ukuhweba, ukusingatha ukuthenjwa nobuqotho bemingcele yethu singabeki engcupheni imali okumele iqoqwe”.

Umklamo we-AEO uhlose ukuthatha izimfundiso kokwenziwa amazwe omhlaba ekuthuthukisweni kwendlela yokusebenzisana yaseNingizimu Afrika ukuze kuthuthuke ukuhweba futhi kuvikelwe imali yentela kanjalo nabahlali bezwe”.